Union Bible Institute
Prospectus
2019

UNION BIBLE INSTITUTE NPC
45 Dennis Shepstone Drive
P.O. Box 50
Hilton
3245

Phone: +27 33 343 4547
Cell: +27 82 447 7877
Fax: +27 86 443 5077
E-mail: admin@ubi.ac.za
Website: www.ubi.ac.za

UBI is registered with the DHET until 31st December 2020 as a Private Higher Education Institution under the Higher Education Act of 1997.

Registration No: 2010/HE08/001

OKUQHUKETHWE

Umyalezo ka-Thishanhloko …….....3
Maqondana nesikhungo i-UBI …….…….....3
Ukubhalisa nokugunyazwa kwamaqophelo …….....3
Indlela yokuxhumana neyokufundisa……..…….....4
Izinto ezisemqoka nomgomo wesikhungo …….....5-6
Esikholelwa kukho/isitatimende sokukholwa…….....6
Ifilosofi okusetshenzelwa phezu kwayo …….....6
Imikhakha nabasebenzi …….....7-10
Imininingwane yezimali …….…….....11-12
Ikhalenda yesikhungo …….....13
Izinhlelo zokufunda ezitholakalayo …….....13-15
Izimfanelo Zokwamukelwa …….....15-16
Izinqubo mgomo zezemfundo …….....16-19
Amamojuli ezemfundo …….....19-28
Amamojuli asensimini …….....…….....29
Maqondana nabafundi bangaphandle …….....….....29
Indawo yokuhlala ……...…….....29
Uqeqesho nge khompyutha …….....30
Umnyango wezokushicilela nabezindaba …….....30
Maqondana nempilo yomfundi …….....30-31
Imithetho nezimiso zesikhungo 31-35
Isicelo sokungena …… 36

UMYALEZO WOMPHATHI SIKHUNGO

UDOKOTELA GEORGE MNISI

Singumndeni wase-UBI sithanda ukubonga uNkulunkulu uMninimandla onke ngokuqhubeka njalo enikela kulesi sikhungo. Ezimweni zonke lesi sikhungo esidlule kuzo sikwazile ukuma futhi sisetshenziswe uNkulunkulu kulesi zukulwane.

Inselelo esibhekene nayo kulesi sikhungo nasezweni lonkana ukufumana abasifazane nabesilisa abanentshisekelo yokusetshenziswa iNkosi uJesu Kristu ngesibindi bengenamahloni okumemezela izindaba ezinhle zesiphambano. Umyalo webandla usamile nje awukagugquki. Ohambweni lwethu besingalahlekelwa ukubheka emgomweni wobizo lwethu – lokwakha nokukhulisa izinceku nabaholi abazomfunza uKristu abazinikele kuye nasekugcwaliseni umyalo wakhe omkhulu. Simelwe ukukhumbula njalo ukuthi ukunamathela kuKristu kuyabiza.

Endleleni yethu sikhumbule njalo amazwi kaJesu ngaphambi kokuba anyukele ezulwini awokuthi: "… Nokho nxa ifika iNdodana yomuntu, imbala iyakufumana ukukholwa emhlabeni na?" (Luk. 18:8).

MAQONDANA NESIKHUNGO (UBI)

Kusuka ngonyaka wezi-1941, uNkulunkulu usebenzise lesi sikhungo ukufundisa Izwi lakhe nasekukhuliseni kwabaholi endlini yobuKristu. I-UBI izibophezele ekufundiseni umyalezo ongagugquki omile njalo oyiqiniso lezwi likaNkulunkulu. Sikuqonda ukuthi indlela esiyisebenzisayo ukudlulisa umyalezo ufanele ukusebenza esikhathini esiphila kuso.

I-UBI yenganyelwe inhlangano umkhandlu ozimele, omele amabandla ahlukene nezinhlangano zamamishini ezahlukene zamaKristu.

UKUBHALISA NOKUGUNYAZWA KWAMAQOPHELO

I-UBi isebenza ngaphansi kokugunyazwa umnyango wezefundo, ezingeni lamabanga aphakemeyo nezoqeqesho, No. 2010/HE08/001, kuze kube uZibandlela (*December*) wezi-2020. Khona i-Bachelor of Theology, i-Diploma in Theology, ne-Higher Certificate in Theology zonke zigunyaziwe ngumkhandlu wezemfundo (Council on Higher Education). I-UBI NPC (RF) iyinkampani ka-*Section 21*, iregistiwe inamba yayo ngu 2004/024020/08.

ABAQONDISI

Usihlalo : Mnu. S.D Nkosi

Usekela sihlalo : Mnu. A.T Xaba

Unobhala : Mnu. J. Stimson

Ilunga : Mnu. P. Zondi

Ilunga : Mnu. J. Mnculwane

ABAPHATHI ABAPHEZULU

Usihlalo : Dr. M.G. Mnisi

Unobhala : Mnu. X. Nkosi

Ilunga : Mnu. E. Binion

Ilunga : Dr. R Murray

INDLELA YOKUXHUMANA NEYOKUFUNDISA

Kusetshenziswa isiNgisi nesiZulu ezingeni lesitifiketi esiphakeme nasezingeni le-Diploma, bese kuba isiNgisi ezingeni le-Bachelor of Theology. Indlela yokufundisa kufanele umuntu abe khona eklasini (*contact mode*).

IZINTO EZISEMQOKA NOMGOMO WESIKHUNGO

Inhloso ye-Union Bible Institute ukwakha abaholi abayizinceku abafana noKristu abazinikele kuKristu kanye noMyalo wakhe oMkhulu.

Izindlela zokufinyelela emgomweni:

IZWI LIKANKULUNKULU

Ngokugxilisa izwi leNkosi kubazalwane baqonde inhliziyo nezimiso zonke zezwi ukuze baliphile balenze nasemisebenzini/inkonzo ababizelwe kuyo.

UKUGUQULWA EMOYENI

Ngokuhlala emkhulekweni sithembele kuNkulunkulu ukuthi uzosisebenzisa aqhubeke adlondlobalise lomsebenzi wokuguquka avele esewuqalile ezimpilweni zabafundi. Ngokusiza abafundi ngokubafundisa nokubeluleka ekukhuliseni izimoilo zabo ukuze bafane noKristu.

ULWAZI LWEMFUNDO NEQOPHELO LO MSEBENZI

Ngokubanikeza uqeqesho oluphelele kokucatshangwayo (*theory*) nasemsebenzini ophathekayo (*practical*), ebuholini, amakhono omsebenzi, bebe bekwenza lokho bethobekile benomqondo wobunceku.

UKUDUMISA UKRISTU

Ngokuphakamisa uKristu ngomculo, ukuthandaza, ukufakaza, nangazo zonke izinhla zempilo ezibekwe isikhungo ukuthi kuphakanyiswe ngazo uKristu, ngokunikeza inselelo abafundi ukuba bazimbandakanye ngenhliziyo yabo yonke kuKristu ngokubakhanyisela ngokubaluleka ekunikeleni inhliziyo yabo yonke kuKristu.

UKUBHEKISISA UKUHANJISWA KWEVANGELI KWEZINYE IZIZWE

Ngokukhuthaza abafundi ngokubaluleka kokuzibandakanya ekuvangeleni emhlabeni wonke nokwenza konke esingakwenza ukubafaka ezinhlakeni ezahlukene zokusebenzisana nabantu namasiko ahlukene, sibahlomisa nasekusebenzeni ngaphakathi kwelabo isiko.

Enhlosweni yethu yokwakha abaholi abayizinceku abafana noKristu abazinikele kuKristu kanye noMyalo wakhe oMkhulu, sizofuna ukuphila nokuphakamisa lamagugu:

UMUSA NEQINISO

Njengoba sakhelwe eqinisweni elitholakala ezwini, ubudlelwano bethu nabanye kufanele kube semuseni omkhulu esiwamukele kuKristu, uchichimele nakwabanye.

INDLELA YOKUZIPHATHA NGAWEDWANA NASEMPHAKATHINI

Ekwaziseni isiphiwo somuntu ngamunye, siphakamisa ukukwazi ukusebenza ndawonye njengeqembu, ngeziphiwo ezisebenzisanayo komunye nomunye. Siyakuthokozela ukuba ingxenye yomphakathi yamasiko amaningi namabandla ahlukene.

UKUKHULA NOKUSIMAMA

Kuyasikhuthaza kakhulu ukubona izinga lokukhula kwezinhlaka, izinhlelo esinazo la esikhungweni nokuthi abafundi nabafundisi besikhungo bayakhula emoyeni nasekufundeni. Noma sikuthakasela ukukhula nokuguquko kodwa kuyasithokozisa ukubona isikhungo sisabambelele ezimpandeni nase sikweni laso.

IZINGA NAMANDLA ESINGAKWAZI UKUKHWENZA

Sifuna ukukhonza umphakathi namabandla umsebenzi wezinga eliphakeme kodwa ngenani elisezingeni labo.

ISIZULU NESINGISI

Into enza sihluke njenge-UBI ukuthi sinikeza uqeqesho kwezenkolo nakwezokushicilela ngolimi lwesiZulu nangesiNgisi kulabo abakhuluma isiNgisi.

ESIKHOLELWA KUKHO

Ikharikhulamu kufanele yakhelwe phezu kwalamaqiniso ayisisekelo: Ubuthathu bukaNkulunkulu, ukuphefumulelwa okunamandla negunya lemibhalo, ubuNkulunkulu beNkosi yethu uJesu uKristu, ukuzalwa kwakhe intombi, nomsebenzi wokufa kwakhe esiphambanweni, ukuvuka kwakhe komzimba kwabafileyo nokubuya kwakhe, uBuntu bukaMoya oNgcwele, ukuwa komuntu ewela esonweni nemvelo yomuntu edukile, ukulungisiswa ngokukholwa, nobuntu bukaSathane

IFILOSOFI OKUSETSHENZELWA PHEZU KWAYO

NGOKWEZWI: Ukuze abafundi bakwazi ukuthola izisekelo zempilo yabo nezomsebenzi ababizelwe kuwo, kumele konke kwenziwe ngezwi zonke izincwadi ezingama- 66 zeBhayibheli.

EZOKUVANGELA (*Evangelical*): Abafundisi base-UBI bavela emabandleni ahlukene kodwa bonke bakholelwa ekuphefumulelweni negunya lezwi nasemfundisweni yensindiso ngokukholwa kuJesu uKristu. Abafundi baba nothisha abafikayo abavela emabandleni okuvangela ahlukene

OKWENZIWAYO *(Practical*): Abafundisi base UBI bazinikele ukunikeza usizo oluqhubekayo ngokusetshenziswa kwemiBhalo ekilasini nangaphandle. Abafundi baqeqeshwa kulezizinkonzo: ukushumayela, ukuvangela, inkonzo yabantwana, neyasezibhedlela.

IMIKHAKHA YESIKHUNGO

Sinomkhakha ohlukene iminyango emithathu: Izifundo zeBhayibheli (*Biblical Studies*), Izifundo Ezihlelekile (*Systematic Theology*), Okwenziwayo Esifundweni Sezenkolo (*Practical Theology*).

UMNYANGO WEZIFUNDO ZEBHAYIBHELI

Eric Binion (Academic Dean, Lecturer, Acting chair)

U-Eric Binion ube ingxenye yabafundisi Eswatini nasekutshalweni kwamabandla khona Eastern Cape ngaphambi kokuba abe se-UBI ngonyaka we-1993. Uneziqu ze-B.A. azithola eWheaton, abe neziqu ze-M.A. azithola e-University of Texas neze-Th.M. azithola eDallas Theological Seminary.

Ben Barthelemy (Lecturer)

UBen Barthelemy uqale ukuba ingxenye yalesi sikhungo ngonyaka wezi-2016. Uneziqu ze-B.A. eBhayibhelini azithola eMoody Bible Institute aphinde abe ne-M. Div. ayithole eTrinity Evangelical Divinity School. Ugxile kakhulu ezifundweni zesiHeberu.

Ambrose Mambi (Adjunct Lecturer)

U-Ambrose Mambi wagogoda izifundo zakhe e-ESSA kwiziqu zeLicentiate in Theology ngonyaka we-1985 waphinda futhi wenza i-B.Th. Honours e-UKZN ngowe-2004. Okumanje wenza i-Masters Degree ne-SATS. Ube ngumfundisi iminyaka engamashumi amabili nanhlanu endaweni yasePietermaritzburg wase eba ingxenye ye-UBI ngonyaka wezi-2011.

Simiso Moyo (Adjunct Lecturer)

USimiso Moyo wagogoda khona kulesi sikhungo ngomnyaka wezi-2014 une-B.Th. Honours ayenze eBaptist Theological College. Usebenza njengothisha esizana nomfundisi ebandleni akulo.

Ephraim Msomi (Lecturer)

U-Ephraim Msomi ungowokudabuka khona endaweni yasePietermaritzburg. Ubengumsebenzi wase-UBI kusukela ngomnyaka we-1991. Uneziqu zeBachelor of Theology azithola e-University yaKwazulu ne-B.Th. Honours eBaptist Theological College. Aphinde futhi abe ngumfundisi webandla elisendaweni yaseMpophomeni.

Wes Spradley (Adjunct Lecturer)

UWes Spradley uza nespiliyoni seminyaka eyishumi nesikhombisa yokuba ngumfundisi egumbini lokufundela, neminyaka eminingi yeKolishi leBhayibheli neyokufundisa enyuvesi. Uneziqu ze-Th.M. azithola eDallas Theological Seminary abe ne-M. A. ayithole e-University of Texas in San Antonio.

Dietrich Wichmann (Adjunct Lecturer)

UDietrich Wichmann uneziqu ze-M.Th. azithola eStaatsunabhanginge Theologische Hochschule Basel eSwitzerland, ngomnyaka wezi-2006. Waqala ukufundisa e-UBI ngomnyaka wezi-2010. Wenza umsebenzi wobufundisi aphinde futhi abe nguthishela wase-KZN Missionary and Bible College. E-UBI ugxile kakhulu kwisiGriki.

Professor Skhumbuzo Zondi (Lecturer, Acting Fieldwork Co-ordinator)

U-P. S. Zondi waqala ukufundisa e-UBI ngomnyaka wezi-2018 emva kokuqeda iDiploma yakhe yeTheology khona e-UBI ngomnyaka wezi-2008 kanye neBachelor of Theology (Honours equivalent) ayithola eBaptist Theological College ngomnyaka wezi-2013. Ungumfundisi ebandleni endaweni yaseThekwini.

UMNYANGO WEZIFUNDO EZIHLELEKILE (*SYSTEMATIC THEOLOGY*)

Dr Richard Murray (Chair, Lecturer, IT Manager)

Ngaphambi kokuba abe ingxenye ye-UBI ngomnyaka we-1994 uRichard Murray ube isithunywa eMalawi. Wathola uqeqesho lwakhe kwezeBhayibheli eBaptist Theological College of Southern Africa wathola iziqu zeDoctor of Ministry eLuther Rice Seminary, eUSA.

Ed Louton (Adjunct Lecturer)

U-Ed Louton uneziqu zeMasters azithola eColumbia International Univeversity. Usebe imishinari eMzansi kusukela ngomnyaka we-1958 la echithe khona iminyaka engamashumi amabili efundisa e-Africa School of Mission ngaseWhite River. Waba ingxenye yase-UBI ngo July ngomnyaka wezi-2012.

Dumisile Gumede Mbanjwa (Adjunct Lecturer)

UDumisile Gumede Mbanjwa uneziqu zeMasters azithola eColumbia International University. Ube ngumfundisi ne-Dean of Women khona e-UBI iminyaka eminingi ngaphambi kokuba athathe umhlalaphansi. Usaqhubeka nokufundisa izikhawu.

Keegan Noble (Registrar, Lecturer)

UKeegan Noble wathola izifundo zakhe khona e-UBI uneziqu ze Bachelor of Theology (Honours equivalent) eBaptist Theological College of Southern Africa ngomnyaka wezi-2014. Ngaphandle kokufundisa kulesi sikhungo ubuye futhi asebenze njengomgcini wamarekhodi esikhungo kusuka ngoJuly mngomnyaka wezi-2014.

Nosipho Shandu (Adjunct Lecturer)

UNosipho Shandu wathola iziqu zakhe khona e-UBI ngowe-2012. Uneziqu ze-B.Th. (Honours equivalent) kwiBaptist Theological College uyafundisa izikhawu *(part-time).*

Nokuthula Tshazi (Adjunct Lecturer)

UNokuthula Tshazi ube ingxenye yabasebenzi base-UBI ngomnyaka wezi-2017 emva kokuthola iDiploma kwiTheology khona e-UBI ngomnyaka wezi-2015 neBachelor of Theology (Honours equivalent) kwiBaptist Theological College ngomnyaka wezi-2016.

UMNYANGO WOKWENZIWAYO ESIFUNDWENI SEZENKOLO (*PRACTICAL THEOLOGY*)

Tsele Khojane (Adjunct Lecturer)

UTsele Khojane wagogoda e-UBI ngomnyaka wezi-2012 wathola iziqu zeB.Th. (Honours equivalent) kwiBaptist Theological College ngomnyaka wezi-2015. Uqeqesha abafundi kumakhono ekhompiyutha (*computer).* Aphinde futhi abe ngumfundisi ebandleni akulo aphinde futhi afundise eZion Evangelical Bible School.

Evelyn Maistry (Adjunct Lecturer)

U-Evelyn Maistry lokhu aqala ukufundisa izikhawu (*part-time*) kusukela ngomnyaka wezi-2007. Uneziqu zeB.Th. nezeHounours azithole e-UKZN aphinde futhi abe ngumeluleki osemthethweni neSouth African Association of Pastoral Theology.

Dr George Mnisi (Principal, Lecturer, Acting Department Chair)

Udokotela uGeorge Mnisi waphothula izifundo zakhe enyuvesi yaseFort Hare iziqu zeBachelor of Science. Waqhubeka wafunda enyuvesi yaKwaZulu la enza khona iziqu zeTheology, iHonours eBaptist Theological College, iMasters neDoctorate eRand Afrikaans University. Waba ngumfundisi emabandleni amabili eminyakeni elishumi endaweni yasePitoli efundisa ingxenye yesikhathi e-Dorthea Bible School ngaphambi kokuba abe ingxenye ye-UBI ngomnyaka wezi-2008. Uphinde futhi abe ngumfundisi kwelinye lamabandla ePietermaritzburg.

Wiseman Ngcobo (Adjunct Lecturer)

UWiseman Ngcobo ube ingxenye yabasebenzi base UBI ngowe-2017 emva kokuphothula iDiploma in Theology khona kulesi sikhungo ngomnyaka wezi-2015 wase enza iBachelor of Theology (Honours equivalent) eBaptist Theological College ngomnyaka wezi-2016.

Xolani Nkosi (Deputy Principal, Student Affairs Coordinator, Lecturer)

UXolani Nkosi ungomunye wabafundi ababefunda khona kulesi sikhungo. Owaba ingxenye yaso ngokusebenza ngomnyaka we-2013. Uneziqu zeB.Th. Honours azenze e-International College of Bible and Mission abe ne-M. Th. ayenze eBaptist Theological College. Uke wasebenza eTswane la ubeyingxenye khona yomsebenzi wezimishini nasekuqondisweni kwezinhlelo. Ungumfundisi futhi ebandleni akulo.

ABASEBENZI BASE-UBI

Susan Binion

USusan Binion ungumqondisi wezinhlelo zomculo, adidiyele inkonzo yamakhosikazi abafundi (Sisebenza Kanyekanye, SKK), wengamele umnyango wokushicilela wesikhungo, aphinde afundise okwenziwayo kwezenkolo (*practical theology*) izikhawu. Une-Bachelor of Science in Education aphinde abe ne-Bachelor of Arts akwenza e-Univeristy of Texas.

Reshma Dhanorjeeth (Bookkeeper)

UReshma Dhanorjeeth ube ingxenye yesikhungo kusuka ngoJune ngomnyaka wezi-2012. Uneziqu zeManagement and Finance azenze e-Varsity College.

Jeff Khumalo (Maintenance Assistant)

UJeff Khumalo uqale ukusebenza kulesikhungo kusukela ngomnyaka wezi-2003.

Emmanuel Mwanza (Maintenance Assistant)

Emmanuel Mwanza ube ingxenye yesikhungo ngomnyaka wezi-2015. Wathola uqeqesho lwakhe e-KZN Missionary and Bible College esePeitermaritzburg. Uphinde futhi abe ngumsizi womfundisi ebandleni akulona i-Oasis of Worship.

Zandisile Ndlovu (Office Administrator)

UZandisile Ndlovu waphothula izifundo zakhe ngomnyaka wezi-2012 khona e-UBI wase eba ingxenye yesikhungo ngoJanuary ngomnaka wezi--2013. Usebenze kwa-administration iminyaka engaphezu kwelishumi ngaphambi kokuba azoba ingxenye ye-UBI. Okumanje wenza iziqu zakhe zeBachelor of Theology neBaptist Theological College.

Kezia Noble (Librarian)

UKezia Noble ungunkosikazi kaKeegan Noble. UKezia uqale ukusebenza e-UBI ngomnyaka wezi-2016. Uphinde abe i-*website administrator* aphinde futhi abe usomabhisinisi. Unespiliyoni esiningi somsebenzi awenzayo wokusebenza emtapweni wezincwadi.

IMININGWANE YEZIMALI

Imali ikhokhwa ngaphambi kwesikhathi nasekuqaleni kwethemu ngayinye.

ISAZISO: Qikelela ukuthi ngenkathi ukhokha imali ubhala igama lomfundi kw*islip*, lokho kuzosiza ukuthi imali ingene emgudwini ofanele.

UHLA LWEZIMALI ZESIKOLE 2019

Uma wenza iHigher Certificate in Theology neDiploma in Theology (ngesiNgisi)

Unyaka wokuqala uhlala ngaphakathi: **R43 440.**

Unyaka wokuqala uhlala ngaphandle: **R19 120.**

Unyaka wesibili nowesithathu uhlala ngaphakathi**: R42 600.**

Unyaka wesibili nowesithathu uhlala ngaphandle**: R18 280**

Uma wenza iHigher Certificate in Theology neDiploma in Theology (ngeSiZulu)

Unyaka wokuqala uhlala ngaphakathi**: R42 160.**

Unyaka wokuqala uhlala ngaphandle**: R17 840**.

Unyaka wesibili nowesithathu: **R41 080**.

Unyaka wesibili nowesithathu uhlala ngaphandle**: R16 760**.

Uma wenza iBachelor of Theology (ngesiNgisi)

Unyaka wokuqala uhlala ngaphakathi: **R45 480.**

Unyaka wokuqala uhlala ngaphandle: 2**1 160.**

Unyaka wesibili nowesithathu uhlala ngaphakathi: **46 600.**

Unyaka wesibili nowesithathu uhlala ngaphandle: **R22 280.**

Imojuli yoku auditha= R280, 00, Credit mojuli = R980, 00, abafundi abashadile indawo yokuhlala =R7 700, 00 izinyanga ezilishumi (R770, 00 ngenyanga).

Imali yokurejista uR830, 00 engabuyiselwa emuva.

Kule mali kubalwe eyokufunda nezincwadi, kulabo abahlala ngaphakathi kubalwa nezimali yezindlu zokuhlala. Uma imali uyikhokhe ngqo ebhange ukhumbule ukubhala igama lomfundi bese usithumela ikhophi ngefekisi ku: **086 443 5077.**Yonke imali kumele ifakwe ngqo kwi akhawunti yesikhungo noma ilethwe mathupha. **SIYACELA INGABI BIKHO IMALI ENIYITHUMELA NGEPOSI.** Imininingwane yonke yasebhange isekhasini lokugcina.

MAQONDANA NOSIZO KWEZEZIMALI

I-UBI ayinalo usizo lwezimali elinikeza abafundi. Bonke abafundi kumele bazikhokhele imali yezifundo zabo. Imali yethemu ikhokhwa ngaphambi kokuba iqale ithemu noma ngosuku lokuqala lwethemu.

IKHALENDA YESIKHUNGO KA2019

Ukunikeza ulwazi (*Orientation*):	17-19 January.
Ithemu yokuqala	21 January -22 March.
Ithemu yesibili	1 April – 7 June.
Ithema yesithathu	15 July – 13 September.
Ithemu yesine	26 September – 26 November.
Ukwethweswa kweziqu	30 November.

BONKE ABAFUNDI KULINDELEKE UKUBA BABEKHONA EMCIMBINI WOKWETHWESWA KWEZIQU.

IZINHLELO ZOKUFUNDA

Higher Certificate in Theology (1 year, 120 credits, NQF Level 5)

Inhloso yohlelo lwalesi sitifiketi ukuqeqesha abantu ezwini nasemfundisweni yezwi, nokubasiza ukuthola uma kambe babizelwe yini ekuholeni ibandla neminye imisebenzi yeNkosi.Ukuze umfundi akwazi ukuthola lesisi tifiketi kumele aphothule amamojuli ayishumi nanhlanu lokho kumenza athole amakhredithi ayi-120 kubalwa nomsebenzi wasensimini. Lokhu angakwenza ngokufunda unyaka wonke esikhungweni noma enze iminyaka emibili efunda ngokwezikhawu *(part time*).

Izifundo eziyimpoqo zeSifundo seBhayibheli (*Biblical Studies*) (Hermeneutics, Pentateuch, Synoptic Gospel, Acts) ezine zeSifundo seZenkolo eSihlelekile (*Systematic Theology*) (Bibliology, Christology, Pneumatology, Soteriology)bese kuba ezinye ezine zeSifundo zeNkolo eZiphathekayo (*Practical Theology*) (Children Ministry, Homiletics 1, Devotional Theology, Children Ministry fieldwork). Bese kubakhona izifundo ezintathu ozikhethela zona ukuze zakhe ishumi nanhlanu. Wonke amamojuli achaziwe kuleli bhukwana. Abafundi bayanikwa uhla lokubasiza ukuthi bangakhetha kanjani izifundo zabo.

Isikhungo sinazo futhi izifundo zantambama ezenziwa kane ngeviki (uMsombuluko kuya kuLwesine) ukusuka ngehora lesithupha kuya kwelesishiyagalombili. Umfundi angenza imojuli eyodwa noma amabili ngethemu. Uma umfundi enza amamojuli amabili ngethemu angaphothula iHigher Certificate eminyakeni emibili. Isikhungo sinezifundo futhi zamaholidi asebusika kuNtulikazi (July)ezithatha amasonto amabili lapho umfundi angenza khona imojuli ibenye.

Labo bafundi abaphumelele uma befuna ukuqhubeka nokwenza iDiploma in Theology noma iBachelor of Theology bangakwazi ukusebenzisa amakhredithi abo uma isicelo sabo samukeleka khona e-UBI.

Diploma in Theology (3 years, 360 credits, NFQ level 6)

Inhloso yeDiploma ukuhlomisa abafundi ngolwazi, amakhono ekuhola amabandla nezinye izinhlangano ngempumelelo. Umfundi ukuze athole idiploma kufanele enze amakhredithi angama-360 ngokuphumelela amamojuli angama-37 aphoqeleke ukuba awenze kuwo imojuli inamakhredithi ayi-8 lokho kumnika amakhredithi angama-296, amahlanu awo umsebenzi wasensimini nawo ophoqelekile ukuba awenze owakha amakhredithi anga-24, bese kuba khona amamojuli amahlanu azikhethele wona, wona ke enza amakhredithi anga-40.

Uhla lwamamojuli ayimpoqo: BBS01, BOT01-07, BNT01-09, GSR01, GSE02, GSC02, PPT01-02, PPT04, PPT07-09, PPT11-12, TST01-06, TCC01, neTCH02. Uhla lomsebenzi wasensimini oyimpoqo: PFW00, PFW0I, PFW03, PFW04, kanye ne-PFW06. Kukhona lapho echazwe khona wonke lama mojuli kuleli bhukwana. Abafundi bayanikwa uhla lwezinhlelo ezihambisanayo okumele bakhethe kuzo.

Bachelor of Theology (3 years, 360 credits, NQF Level7)

Lolu uhlelo olumiselwe ukuhlomisa abafundi ngolwazi, amakhono nendlela yokwazi ukuthi bahole amabandla nezinhlangano ngempumelelo. Luphinde futhi lukwazi ukubacabela indlela labo abasafuna ukuqhubeka nezifundo zabo.

La kugxilwa kakhulu ekuhloleni izilimi zokudabuka zeBhayibheli (isiGriki nesiHeberu).

Umfundi ukuze aphumelele kulo mkhakha kumele abe namakhredithi angama-360, okumele aphothule khona amamojuli angama-38 aphoqelekile ukuthi awenze, lama mojuli akha amakhredithi angama-304, amamojuli amahlanu omsebenzi wasensimini nawo aphoqelekile ukuthi enziwe, wona akha amakhredithi angama-24, bese ekhetha amamojuli amane akha amakhredithi angama-32.

Uhla lwamamojuli ayimpoqo: BBS01, BBG01-03, BBG05-11, BBH01, BBH03-05, BOT01-03, BOT06, BNT01-02, GSR02, GSE02, PCE01, PPT01-02, PPT04, PPT09, PPT11, TST01-06, TCC01, TCH01 neTCH04. Uhla lomsebenzi wasensimini oyimpoqo: PFW00, PFW01, PFW03, PFW04, kanye nePFW06. Kukhona la echazwe khona lama mojuli la ebhukwini. Abafundi bayanikwa futhi uhla lwezinhlelo oluhambisanayo okumele bakhethe kuzo.

Labo abaphothule ohlelweni lweBachelor of Theology bavumelekile ukuba bathathwe ohlelweni lweBachelor Honours degree.

IZIMFANELO ZOKWAMUKELWA

Higher Certificate in Theology

Umfundi kufanele abe nesitifikeli sikamatikuletsheni, isincomo esivela ebuholini bebandla lakhe. Abafundi abangenaso lesi sitifiketi kodwa abaneminyaka engaphezu kwamashumi amabili nantathu nangaphezulu kodwa abaqedile ugrade 10 bangathathwa phansi kwemibandela ethile yeRecognition of Prior Learning (RPL).

Diploma in Theology

Umfundi kufanele abe nesitifiketi sikamatikuletsheni, onezifundo ezine azithole ngamaphesenti angama- 40, isincomo esivela ebuholini bebandla lakhe. Abafundi abangenakho lokhu okungasenhla kodwa bebe bene *Higher Certificate in Theology* banawo amathuba okuthathwa. Nabafundi abaneminyaka engaphezu kwamashumi amabili nantathu kuyaphezulu abano *grade 10* nabo banalo ithuba lokuthathwa ngaphansi kwemibandela ye *Recognition of Prior Learning* (RPL).

Bachelor of Theology

Umfundi kumele abe nomatikuletsheni okungenani onezifundo ezine azithole ngama-50 wamaphesenti, isincomo esivela ebuholini bebandla lakhe. Umfundi owenze iHigher Cerficate kuso lesi sikhungo wathola amaphesenti angama-65% kuya phezulu unethuba elihle lokwamukelwa. Bese kuthi abafundi abaneminyaka engaphezu kwamashumi amabili nantathu kuyaphezulu banethuba lokuthathwa ngaphansi kombandela weRecognition of Prior Learning (RPL).

Recognition of Prior Learning and transfer of Credits

Uma umfundi efisa ukwamukelwa ngaphansi kwemibandela yeRPL kumele axhumane nonobhala wesikhungo. Umnyango ngeke uthathe abafundi abangaphezu kuka-10% kuhlelo ngohlelo phansi kwalombandela.

I-Union Bible Institute iyabamukela abafundi abavela kwezinye izikhungo zemfundo ephakeme phansi kwalemibandela:

1. Umfundi kufanele alethe phambi kukaNobhala incwadi emgunyazayo yesikhungo avela kuso.

2. Uma umkhandlu wezemfundo wase-UBI weneliseka ngezifundo azenzile ukuthi ziyahambisana nalezi ezinikezwa i-UBI kwizinhla zonke.
3. Amamojuli kufanele akhe noma aqukathe okungenani ingxenye yalokho okudingwa iziqu azozenza.

IZINQUBOMGOMO ZEZEMFUNDO

Ukurejistwa kwamamojuli: Wonke amamojuli anamakhredit ayi-8 andinga umuntu achithe amahora angama-80 ngaphandle nangaphakathi kwegumbi lokufundela. Ngokujwayelekile abafundi bathatha amamojuli amane ngethemu. Imojuli nemojuli ithatha imizuzu engamashumi amahlanu egumbini lokufundela isonto nesonto, amasonto ayisishiyangalombili kulandele isonto lezivivinyo. Umfundi kufanele athathe okungenani imojuli eyodwa yomsebenzi wasensimini.

Umfundi angakwazi ukuthi abhalise amamojuli amahlanu kuphela kodwa uma ezofaka incwadi yesicelo amukele ukwalulekwa uDean noma uNobhala wesikhungo. Umfundi ngeke athole amakhredithi uma ngabe enze imojuli yesihlanu ngaphandle kokuxhumana nomkhandlu wesikole kube nguwona omnika imvume yokusenza noma asenze ngaphandle ngokusirejista. Umfundi angeke athole amakhredithi ngemojuli angayirejistile.

Maqondana nokuba seklasini uzolalela

Audit policy: Abafunda ngokuphelele noma labo asebeqedile ukufunda bangakwazi ukuba segumbini lokufundela balalele ngamanani awu-25% alo mthetho. Kodwa abanye nje abafundi kumele bakhokhe inani eliphelele lalomthetho. Laba bangakwazi ukuthola amanothi kodwa komele bazithengele ezabo izincwadi.

Imigudu yokufunda: Abafundi kumele bakhethe phakathi kwesiNgisi nesiZulu. Bavumelekile ukuthi babhale incwadi yesicelo iya ku-Dean noma uNobhala uma kunesimo esikhethekile esidinga ukubhekelwa. Umfundi angakwazi ukuguqula umgudu/ulwimi azolusebenzisa ekuqaleni kwethemu kodwa kungabi semuva kwezinsuku eziyisishiyagalolunye.

Amazinga okuphumelela: Okungenani umfundi kumele athole u-50% kuya phezulu ukuze aphumelele imojuli yakhe. Ngokomsebenzi wethemu kufanele okungenani abe no-40% kuya phezulu, ukuze akwazi ukuvumeleka ukuthi abhale isivivinyo, nakuso isivivinyo kufanele bathole u-40% kuyaphezulu. Uma ngabe umfundi engaphumeleli imojuli yakhe ngokuthi akakwazanga ukuphumelala ingxenye yesilinganiso (sub-minimum) yesivivinyo kodwa ekwazile ukuthola u-50% kuyaphezulu uyonikezwa imaki lika-45 bese ekwazi ukuthi abhale ukuchibiyela. Kodwa uma ngabe umfundi engakwazanga ukuphumelela imojuli yakhe ngenxa yokungatholi ingxenye yesilinganiso (isub-minimum) yomsebenzi wethemu, imaki lakhe lethemu koba ilona maki lakhe lokugcina.

Ukuntshontsha umsebenzi womunye umuntu wenze sengathi owakho (Plagiarism): Umfundi otholakale enza lokhu ngokokuqala noma okwesibili uyonikezwa incazelo ngalokho akwenzile anikezwe ithuba lokwenza umsebezi ngokwesibili ukuze afumane amamaki. Kodwa isigameko se*plagiarism* sobe sesidluliselwa kuDean. Abafundi abazotholakala bekwenza okwesithathu bazonikwa isexwayiso isigameko sidluliselwe kwiDean. Kodwa ke labo bayobe sebedlelwa amamaki abo bancishwe futhi ithuba lokubhala ngokwesibili. Bese kuthi labo abakwenza ngokwesine nabanenkani yokuqhubeka nokwenza lokhu bazoyiswa kwikomidi lokuqondiswa kwezigwegwe, lona-ke lobe selithatha izinyathelo ezifanele owenza okunjalo. Nokusebenzisa umsebenzi womunye umfundi ewenza owakhe nalokho kunesijeziso esifanayo.

Maqondana nezincwadi namanothi: Abafundi kufanele bazikhokhele izincwadi kanye namaphepha akhophiwe ekuqaleni kwethemu. Abafundisi bayazama ukubatholela izincwadi zenani abangalikhona, ezifanele, nokulula ukuziqonda. Uma imizamo yabafundisi ingaphumeleli yokuthola izincwadi ezifanele bayaye babenzele amakhophi amanothi ukuthi bawasebenzise. Ngokujwayelekile izincwadi eziyaye zikhishwe zingasetshenziswa iminyaka emithathu. Lokho kwenza ukuthi kube namathemu la umfundi ezodinga izincwadi eziningi kube nethemu la ezodinga ezingeziningi kwesinye isikhathi zingabikho kwanhlobo. Izincwadi eziningi zalabo abasebenzisa isiNgisi zitholakala emazweni angaphandle lokho kwenza ukuthi zingadayiswa. Abafundi abafuna ukuzithenga izincwadi ezinjalo kumele baxhumane neBible Centre bese bezi oda phesheya, kufanele bezikhokhelile ngaphambi kokuzi oda.

Izidingo zokuthweswa iziqu: Kuba ilabo bafundi abakwazile ukugcwalisa zonke izidingo ezidingekayo zokuphothulwa kweziqu ababa ingxenye yokuthweswa kweziqu. Abafundi bangaba ingxenye yemigubho eyenziwa amaklasi abakuwo yokuphela konyaka naleyo yalabo abaklonyeliswayo.

Ubukhona bomfundi: Inhliziyo ye-UBI ukwakha abaholi bamabandla abamfuziselo wabo nguKristu nabazibophezele kuye nasekugcwaliseni uMyalo oMkhulu. Ngakho zonke izingxoxo nezifundiso eziqhubeka emagumbini okufundela ziyingxenye ebalulekile yoqeqesho abafundi abaludingayo.

Ngengxa yalokho umfundi uphoqelekile ukuthi abe segumbini lokufundela kuzo zonke izifundiso. Ukugula, umngcwabo, nezinye izimo eziphuthumayo kuphela ezivunyelwe ukuthi zimphuthise esikoleni. Uma umfundi ephuthile amahora amane imojuli nemojuli u-5% wamamaki akhe azonconzulwa aleyo naleyo mojuli aphuthe kuyo. Uma ephuthe imojuli kwaze kwaba ngaphezu kwamahora ayisishiyagalombili angeke anikezwe amakhredithi aleyo mojuli, kuphela uma kukhona uhlelo oluthile olwenzekile nomphathi sikole.

Ntambama kuhlanganwa amahora amabili nje vo, ngakho ke uma umfundi engaphumeleli kusho ukuthi ulahlekelwe amahora amabili esifundo. Abafundi abangakwazi ukuqeda ngenxa yokulova angeke babuyiselwe imali yabo futhi bangatholi mamaki aleyo mojuli; imiphumela yalapho iyothi nje **"Withdrew".**

Uma umfundi engezukuphumelela kumele enze imizamo yokuxhumana nomfundisi ukuze athole i-assagnment noma isivivinyo esimphuthileyo nokuthola amanothi ebekhishiwe. Futhi labo bafundi kumele bazise umfundisi ngaphambi kwesikhathi ukuthi abazukuphumelela.

Indlela yokumaka: Umfundi kufanele athole kusuka ku-50% ukuze abe ngophumelele. Amamaki angama-50 asho ukuthi awenzi kahle ngomsebenzi wakho, angama-60 asho ukuthi uphakathi nendawo, agama-70 wenza kahle, angama-80 kuyaphezulu kusho ukuthi wenza kahle kakhulu. Ukuletha i-assignment emva kwesikhathi kunenhlawulo ka-10% amamaki asuswayo.

Uvivinyo oluqhubekayo: Umsebenzi womfundi uhlala uphansi kweso likamfundisi njalo nje. Yonke imisebenzi ehloliwe ngumfundisi inemaki elifakwa emamakini akhe okugcina. Izivivinyo zaseklasini, ama-assignment, nemisebenzi abayenza bengamaqembu konke lokho kwakha ingxenye yethemu.

Izivivinyo: Izivivinyo zokugcina zinikezwa esontweni lokugcina lethemu okuba ngamahora amabili okubhala. Isivivinyo sokugcina sibalwa la ku-25% no-40% emakini lokugcina. Isivivnyo sokugcina sibalulekile, okungukuthi umfundi uhlolwa ngalokho okubaluleke kakhulu kwemojuli. Lapho umfundi kumele abe no-40% wethemu ukumvumela ukuthi akwazi ukubhala izivivinyo zakhe zokugcina. Bavumelekile ukuthi babone iphepha labo emva kokumakwa kodwa lona nelemibuzo ligcinwa isikhungo i- UBI. Omakhala ekhukhwini, izincwadi namanothi akuvunyelwe egumbini lokuvivinya. Umfundi akavunyelwe ukugcogcoma ngesikhathi sokuvivinya.

Izivivinyo zokuchibiyela: Imaki lokugcina lika-45% kuya ku-49% elivumekile ukunika umfundi ithuba lokuchibiyela. Umfundi othole u-50% nangaphezulu ekuchibiyeleni uthola imaki lika-50%. Kunenani elikhokhwayo ukuze umfundi akwazi ukuchibiyela.

Ukudebesela ukuhlolwa: Abafundi abangakwazanga ukubhala ukuhlolwa nama*quizz* bangawachibiyela kodwa ngeke bahlomuliswe ngokungaphezu kuka-50%.

Izifundo ezizimele: Izifundo ezizimele kumele zivunyelwe kubafundi abarejistile imojuli ethize bakwazi ukuza eklasini kodwa bangayiphumelela. Izifundo ezizimele ngeke zinikezwe uma ngabe umfundi ezokwazi ukuyenza futhi leyomojuli ngaphambi kokuba aphothule. Lezizifundo fanele zibe ngaphansi kokuqashwa umfundisi ovumile ukuthi zenziwe. Umfundi kufanele agcwalise ifomu lokwenza lezi zifundo. Umfundi uyohlawuliswa u-150% wenhlawulo ejwayelekile yemojuli.

Cum Laude: Abafundi abaphumelela ngaphezu kuka-75% bazophothula ngoCum laude. Kuthi labo abaphumelela ngaphezu kuka-85% bona bazophothula ngo Magna Cum Laude.

Ukuhlaziwa kwamamojuli: Amamojuli ayohlaziwa ngesikhathi sezivivinyo lokhu kuhlaziywa angeke kukhonjiswe umfundisi. Umphathi (Head of Department, Academic Dean noma uPrincipal) uyobe esenikezela umbiko obhaliwe noma ngomlomo kumfundisi.

ACADEMIC MODULES (8 CREDITS EACH)

BIBLICAL GREEK

BBG01 BIBLICAL GREEK 1

Isingeniso sesifundo sokuqondiswa kwamagama nokusetshenziswa kolimi kubhekwa amabizo, izenzo, izikhanyiso, nezihlanganiso, ngokusetshenziswa kwisiGreki.

BBG02 BIBLICAL GREEK 2

Kusaqhutshwa isifundo sokuqondiswa kwamagama nokusetshenziswa kolimi kubhekwa izabizwana, nezinkathi nezenzo ngokokusetshenziswa kwesiGriki.

BBG3 BIBLICAL GREEK3

Isifundo sisaqhubeka sibheka ukuqondiswa kwamagama nokusetshenziswa kolimi kwethulwa iziphawulo nezinye izinkathi zezenzo ngokokusetshenziswa kwesiGreki.

BBG4 BIBLICAL GREEK 4

Isifundo sisaqhubeka ukuqondiswa kwamagama nokusetshenziswa kolimi kuqhutshekwa nokusetshenziswa kwezenzo.

BBG05 IVANGELI NGOKUKAJOHANE (GOSPEL OF JOHN)

Kuhlaziwa incwadi iVangeli ngokukaJohane kubhekwa umbhali, umlando, umthelela wayo eTestamenteni eLisha kubhekwa ngesiGriki nangesiNgisi.

BBG06 KWABASEROMA (ROMANS)

Kusuke kuhlaziwa incwadi yabaseRoma kubhekwa, insindiso, izingqikithi ezithile namagama asetshenziswe kuyo, nezindlela ezahlukene ezisetshenziswe kuyo ibhekwa ngesiNgisi nangesiGriki.

BBG07 1 KWABASEKORINTE (1 CORINTHIANS)

Kuhlaziywa incwadi yokuqala yabaseKorinte nezinto ezitholakalile ezakha ubudlelwano neKorinte kubhekwa ngesiNgisi nesiGriki.

BBG08 IZINCWADI EZABHALELWA EJELE (PRISON EPISTLES)

Kubhekwa izincwadi ezilandelayo: KWABASE- EFESU, KWABASEFILIPHU, KWABASEKOLOSE, noFILIMONI zibhekwa ngokokwesi-Griki nesiNgisi.

BBG09 IZINCWDI ZOBUFUNDISI (PASTORAL EPISTLES)

Kuhlaziwa incwadi yokuqala neyesibili kaThimothewu neka Thithu zibhekwa ngokwesiGriki.

BBG10 EYAMAHEBHERU (HEBREWS)

Isifundo ngencwadi yamaHeberu ibhekwa ngesiGriki nesiNgisi.

BBG11 IZINCWDI EZIJWAYELEKILE (GENERAL EPISTLES)

Kuhlaziwa incwadi kaJakobe, kaPetro, kaJohane, nekaJuda ibhekwa ngesiNgisi nesiGriki.

BIBLICAL HEBREW

BBH01 ISIHEBHERU NGOKWEBHAYIBHELI 1 (BIBLICAL HEBREW 1)

Isethulo kumaHeberu kubhekwa ama-alfabhethi, amagama, nokusethenziswa kolwimi.

BBH02 ISIHEBHERU NGOKWEBHAYIBHELI 2 (BIBLICAL HEBREW 2)

Kuqhutshekwa nesifundo kugxilwa kulokho okwenziwe ku-1.

BBH03 ISAIAH

Isifundo sencwadi ka Isaiah, kufundwa nangolwimi lesiHeberu. Kunezinxenye zale ncwadi ezifundwa ngesi Heberu, kucaciswa namagama abalulekile encwadini ngesiHeberu, yila magama isisebenzi, ukuthula, bulungiswa nokulunga.

BBH04 ABAPROFETHI ABAKHULU

Kufundiswa kuphinde kunikwe nonqondo ususwa olwimini lwesiNgisi kuziswa kwisiHeberu, ngezincwadi zoJeremiah, Ezekiel noDaniel.

BBH05 POETIC BOOKS

Isingeniso sezincwadi zobumbongi, zobuhlakani, kubhekwa uJobe, Amahubo, Umshumayeli, Isihlabelelo sezihlabelelo, neSililo kubhekwa ngesiHeberu ekusizeni ekulungiseleni intshumayelo.

IZIFUNDO ZEBHAYIBHELI (BIBLICAL STUDIES)

BBS01 UKUHLAZIYA IBHAYIBHELI (HERMENEUTICS)

Isingeniso sendlela yokuhlaziya ibhayibheli, izindlela zokulifunda (synthtetic, analytic, topical) nokunye okujwayelekile nokuthi ungalihumusha kanjani ibhayibheli.

BBS02 ISIKO LEBHAYIBHELI KANYE NESIMO SOMHLABA (BIBLE CULTURE AND GEOGRAPHY)

Ukufunda ngomumo womhlaba ebhayibhelini, imikhuba namasiko, nabantu ababephila ngesikhathi libhalwa.

ITESTAMENTE ELIDALA (OLD TESTAMENT)

BOT01 IZINCWADI ZIKAMOSE EZINHLANU (PENTATEUCH)

Isingeniso sezincwadi ezinhlanu zokuqala zeBhayibheli, okuyizincwadi zikaMose ukuhlola izingqinamba ezikuyo, izindikimba ezisemqoka zalezi zincwadi, kubhekwa emlandweni, imvelaphi nesiko lika-Israyeli, kugxilwe kakhulu ekuchazweni kwalezi zincwadi.

BOT2 UJOSHUWA, ABAHLULELI UMBUSO OHLANGENE (JOSHUA, JUDGES, UNITED KINGDOM)

Kubhekwa umlando kaJoshuwa eMbusweni Ohlangene, kugcizelelwa kakhulu inhloso nohlaka lwencwadi ngencwadi, kubhekwa izimiso zabalingiswa abangabaholi baseBhayibhelini. Nokuthi ungayakha kanjani intshumayelo emayelana nomlando womuntu.

BOT03 UMBUSO OWEHLUKENE UKUTHUNJWA, NOKUBUYA (DIVIDED KINGDOM, EXILE, AND RETURN)

Isifundo ngomlando ka-Israyeli ngesikhathi sokuhlukana kombuso, ukuthunjwa, nokubuya ekuthunjweni, bese kuba ukubheka okwenzeka esikhathini kusuka kwiTestamente eLidala kuya kweLisha.

BOT04 U-ISAYA (ISAIAH)

Isifundo ngencwadi ka-Isaya, izimo zikaJuda ngesikhathi sika-Isaya, izimo zombusazwe ngaphakathi nangaphandle, iziphrofetho ngoMesiya nangombuso ozayo.

BOT05 ABAPROFETHI ABAKHULU (MAJOR PROPHETS)

Kulesi sfundo kubhekwa iziphrofetho zalezi zincwadi ezilandelayo: uJeremiya, uHezekeli, noDaniyeli.

BOT06 ABAPROFETHI ABANCANE (MINOR PROPHETS)

Isifundo ngabaphrofethi abayishumi nambili abancane, imiyalezo yabo esemqoka, nokuthi singayisebenzisa kanjani imiyalezo yabo ezimpilweni zethu kulesi sikhathi esikuso nasezinkonzweni esibizelwe kuzo.

BOT07 IZINCWADI ZOBUNKONDLO (POETIC BOOKS)

Kulesi sifundo sibheka lezi zincwadi: uJobe, Amahubo, Umshumayeli, Isihlabelelo seziHlabelelo, neSililo. Sibheka indlela yokuzihumusha, nokuthi singabusebenzisa kanjani ubumbongi namazwi okuhlakanipha uma sishumayela noma sidumisa.

ITESTAMENTE ELISHA (NEW TESTAMENT)

BNT01 AMAVANGELI AHAMBISANAYO (SYNOPTIC GOSPELS)

Isifundo la kubhekwa khona amavangeli: NgokukaMathewu, ngokukaMarku, ngokukaLuka, nangokukaJohane. Kubhekwa umlando, ithiyori, nalokhu akushoyo, kwenziwa nocwaningo ngemibono eyahlukile kulamavangeli nokuhambisana kwezindikimba zabo maqondana nempilo kaKristu.

BNT02 IZENZO (ACTS)

Isifundo ngencwadi yeZenzo bese kulunguzwa kwabaseGalathiya nabaseThesalonika bokuqala nabesibili.

BNT03 IVANGELI NGOKUKAJOHANE (GOSPEL OF JOHN)

Kubhekwa isizinda, umlando, umbhali, okuhlukile ngayo, nomthelela wayo eTestamenteni elisha.

BNT04 KWABASEROMA (ROMANS)

Sifunda ngencwadi ka-Pawulu eyibhalela abaseRoma, insindiso, ukuqonda ingqikithi yayo, nokubheka izindikimba ezisemqoka okumele zingalitshalwa.

BNT05 1 KWABASEKORINTE (1 CORINTHIANS)

Isifundo maqondana nencwadi uPawulu ayibhalela ibandla laseKorinte maqondana nezinkinga ibandla elibhekene nazo nokuthi, sibheke ubudlelwano bale ncwadi nesikhathi samanje, nokuthi singayisebenzisa kanjani ebandleni kulesi sizukulwane.

BNT06 IZINCWADI EZABHALWA EJELE (PRISON EPISTLE)

Kulesi sifundo kuyahlolwa kubhekwe ngokujulile izincwadi ezilandelayo: abase-Efesu, abaseKolose, abaseFiliphi, nencwadi kaFilemoni. Kubhekwa isikompilo, umlando, izinhlaka zakhona, ubudlelwano, nezinto ezisemqoka okumele ziqondwe.

BNT07 IZINCWADI ZOBUFUNDISI (PASTORAL EPISTLES)

Isifundo la kubhekwa khona incwadi yokuqala neyesibili kaThimothewu, uThithu, kanye nekaFilimoni kubhekwa kakhulu imfundiso yebandla, nefilosofi yokukhulisa ibandla.

BNT08 AMAHEBHERU (HEBREWS)

Kubhekwa incwadi yamaHeberu: Umlando, ithiyori yayo, ubunjalo bayo, indlela yokwenza yeminikelo/imihlatshelo neThabenakele ngokwe-Testamente eLidala.

BNT09 IZINCWADI EZIJWAYELEKILE (GENERAL EPISTLES)

Isifundo la kubhekwa khona umlando, ithiyori, okushiwo ilezi zincwadi: EkaJakobe, ekaPetro eyokuqala neyesibili, ekaJohane eyokuqala, eyesibili neyesithathu, kanye nencwadi kaJuda.

IZIFUNDO EZIJWAYELEKILE (GENERAL STUDIES)

GSC01 ULWAZI NGEKHOMPYUTHA 1 (COMPUTER SKILLS 1)

Isifundo esisiza abafundi ukuba baziqeqeshele kumakhono ecompyutha umfundi ufunda ukuthayipha, esebenzisa izinhlelo ze *windows*. Afunde ukusebenzisa i-*internet* ukuze akwazi ukuzenzela yena ucwaningo. Lolu uhlelo lokusiza abafundi ukuze bakwazi ukwamukelwa bangene esikhungweni.

GSC02 ULWAZI NGEKHOMPYUTHA 2 (COMPUTER SKILLS 2)

Isifundo esinikeza abafundi ithuba lokwenza isingeniso esifundweni sendlela yokuphathwa kwebandla.

GSE01 ISINGENISO SESINGISI (BASIC ENGLISH)

Isifundo sokusiza abafundi esiNgisini njengolwimi lwesibili ukuze bakwazi ukulukhuluma, ukululalela, ukulufunda, nokulubhala. Isifundo sokusiza abafundi ukuze bakwazi ukungena e-e-UBI kodwa amakhredithi aso awabalelwa ezifundweni zokuphothula kulesi sikhungo.

GSE02 UKUBHALWA KWENDABA NGESINGISI (ENGLISH COMPOSITHION)

Lesi sifundo sakhelwe ukusiza abafundi ekunyuseni izinga labo ekubhaleni isiNgisi nokukwazi ukusisebenzisa ngokujulile ngenjongo yokuthi umfundi akwazi ukuzikhulumela ngokuzethemba.

GSR01 UKUSETSHENZISWA KOMTAPO KANYE NOLWAZI LOKUFUNDA (LIBRARY USE AND STUDY SKILLS)

Isifundo sokusiza abafundi ukuze bakwazi ukusebenzisa umtapo wolwazi nezinsiza ezitholakala kuwo. Ukubasiza bakwazi ukwenza ucwaningo, umuntu angawakha kanjani umkhuba omuhle wokufunda, nokuthi angawenza kanjani umsebenzi wakhe ube sezingeni eliphakeme.

GRS02 INDLELA YOKUSEBENZISA UCWANINGO (RESEARCH METHODOLOGY)

Isifundo sokuhlomisa abafundi ekuhlelekeni, ukucwaninga, indlela yokufunda, indlela yokubhala umsebenzi, ukusebenzisa amakhono abanawo, ukuhlola ukuze bagweme ukungena ogibeni lokuntshontsha imiqondo yabantu bese bethi eyabo (plagiarism).

OKWENZIWAYO ESIFUNDWENI SEZENKOLO (PRACTICAL THEOLOGY)

PPT01 ISIFUNDO NGOKUSHUMAYELA 1 (HOMILETICS 1)

Lesi sifundo sigxila ekuqeqesheni umshumayeli ekwenzeni inkonzo yakhe, nendlela alungisa ngayo itshumayelo yakhe nohlaka okumele alusebenzise ngokwentshumayelo azoyisebenzisa. Isingeniso entshumayelweni enabayo la kwenziwa ivesi ngevesi, nentshumayelo la esebenzisa khona isihloko.

PPT02 ISIFUNDO NGOKUSHUMAYELA 2 (HOMILETICS 2)

Kulesi sifundo umfundi usuke esenza amalungiselelo entshumayelo yemizuzu engamashumi amabili nanhlanu, kube eyasemsakwezweni eba imizuzu emihlanu, kufanele akwenze lokhu ahlolwe kukho.

PPT04 ITHIYOLOJI YOKUKHONZA (DEVOTIONAL THEOLOGY)

Kuhlaziywa indlela yokuzinikela ekukholweni njengomzalwane, izindlela ongazisebenzisa ukuveza ukuzinikela kwakho kuNkulunkulu.

PPT05 UKUDUMISA (WORSHIP)

Ucwaningo ngomculo nendlela yokudumisa esezwini nasemlandweni, nezimiso ezingamiswa noma sivuselelwe emculweni nasekudumiseni emabandleni ethu nalabo abenza inkonzo yokudumisa.

PPT06 EZOKUVANGELA (EVANGELISM)

Isifundo ngezimiso zezwi okumele zilandelwe ukukhuthaza ukuvangela, nokuthi ubulungisa kanjani ubufakazi bakho, ulichaza kanjani ivangeli kwabanye abantu, uyiphendula kanjani imibuzo uwagcina kanjani amavesi ekhanda.

PPT07 UKUTSHALWA KWEBANDLA (CHURCH PLANTING)

Ufunda izindlela zokutshala ibandla nokukhuthaza ukuthi ungalikhulisa kanjani ibandla elivele limile.

PPT08 ITIYOLOJI YOBUFUNDISI (PASTORAL THEOLOGY)

Isifundo la kuchazwa khona ukuthi yini umfundisi, yini okudingeka abe nayo, ubizo luyini, uyini futhi umsebenzi wakhe, kubhekwa indlela yokushumayela, ukuphatha imishado, imingcwabo, umbhabhathizo, isidlo seNkosi, ukunikelwa kwabantwana, nokuhambela amakhaya.

PPT09 UKULULEKA 1 (COUNSELLING 1)

Umfundi ufundiswa ukuthi angaziqonda kanjani izinhlobo zabantu, abhekane kanjani nezinkinga zabo ezithile esebenzisa izwi. Inhloso yesifundo ukuhlomisa abafundi ukuthi bakwazi ukuqaphela izinkinga ezidla imizwa ethile kubantu bese bebaluleka besebenzisa izwi, nokuthi bakwazi nje ukuba abeluleki nokuthi kwenziwa kanjani ukweluleka.

PPT10 UKULULEKA 2 (COUNSELLING 2)

Isifundo senzelwe ukuhlomisa abafundi ukuthi bakwazi ukubhekana nezinkinga zabo, nokuthi bakwazi ukubhekana nezinselelo zemizwa yabanye abantu. Kubhekwa kakhulu ingcindezi, ukufa, imikhuba yokulumba nobuthakathi, ingculaza nesandulela sayo, ukugqilazwa izidakamizwa, nokuhlukumezeka komphefumulo nokwenyama.

PPT11 UBUHOLI 1 (LEADERSHIP 1)

Isifundo ngobunceku uma ngabe ungumfundisi, kufundiswa ngamakhono okuhlela, ukuhola, ukuhlanganisa, nokulawula.

PPT12 UBUHOLI 2 (LEADERSHIP 2)

Isifundo ngobunceku uma ngabe ungumfundisi, kubhekelelwe kakhulu ilungelo lokukhululeka kwezezimali, ekuphatheni nendlela yokuxazulula izinkinga.

PPT13 INGCULAZA NEBANDLA

Isifundo ngesimo sengculaza, imvelaphi yayo, nokuthi ingavikelwa kanjani, nokuthi ibandla lingashumayela kanjani kulabo ababanjwe ilolu bhubhane.

PPT14 UKUBEKEZELA NOKUZWELANA (TOLERANCE AND EMPATHY)

Isifundo esiletha izifundiso zezwi maqondana nomusa, ukwamukela, isihe, ukwahlukana, nothando, nezimo zepolitiki, amabandla, amasiko, ubuhlanga, ubulili, nezocansi emzansi.

UBUKRISTU NEMFUNDO (CHRISTIAN AND EDUCATION)

PCE01 INKOZO YABANTWANA (CHILDREN' S MINISRTY)

Isifundo maqondana nezinkonzo zabantwana zisekelwe izwi likaNkulunkulu, izinhlelo nemigudu engasetshenziswa ekufundiseni abantwana izwi likaNkulunkulu, kubhekwa ukufaneleka kukathisha, izimilo zabantwana, izindlela zokufundisa nokuthi uzilungiselela kanjani nokuthi uzisebenzisa kanjani izinsiza kusebenza.

PCE03 IZINDLELA ZOKUFUNDISA (TEACHING METHODS)

Kufundiswa ngezisekelo zezimiso nezindlela zokufundisa. Abafundi bathola ithuba lokusebenzisa lezi zindlela ngokufundisa izindima ezitholakala encwadini yabaseKorinte besibili nabaseFiliphi.

PCE04 INKONZO YABASHA (YOUTH MINISTRY)

Isifundo ngokuqeqeshwa enkonzweni yabantu abasha ikakhulukazi uma sebengena ezingeni lobudala nokubakhulisa ezimisweni zobuholi, nezinkinga abasha ababhekana nazo, njengokuthobeka, ingcindezi evela kontanga yabo, nezinto ezibaluthayo, ukuzilungiselela umshado nomshado, ukuzamukela kanye nokunye nokunye. Kubhekwa nezindima ezithize zokubasiza encwadini yeZaga.

PCE05 INKONZO YABESIFAZANE (WOMEN'S MINISTRY)

Inkonzo nomsebenzi wabesifazane ebandleni.

PCER06 IKHAYA LOBUKRISTU (CHRISTIAN HOME)

Kugxilwa ezifundisweni zeBhayibheli maqondana: Nokulungiselela umshado, umthembiso, umshado, ukukhulisa abantwana, ukuziphatha komuntu ongashadile, ezezimali emndenini, kanye nesithembu, kubhekwa kakhulu izinto ezingamasiko ezivumelana nezwi nalezo eziphambene nezwi.

PCE07 INKONZO YAMADODA (MEN'S MINISTRY)

Inkonzo nomsebenzi wamadoda ebandleni.

INKONZO EYEQELA KWAMANYE AMASIKO (CROSS-CULTURAL MINISTRY)

TCC01 MISSIONS 1

Ukwethulwa kokushiwo izwi ngezimishini kanye nomlando ngezimishini.

TCC2 MISSIONS 2

Ukwethulwa kwezimishini ngokwesikhathi samanje, izinhlaka nezinhlelo zezezimishini nezingqinamba amamishinari abhekana nazo.

TCC3 MISSIONS 3

Isifundo ngomsebenzi webandla maqondana nezezimishini, umsebenzi womxhumanisi phakathi kwebandla nezezimishini, nomsebenzi wemishinari ngayinye le ezokwenza umsebenzi isikhathi eside nozowenza isikhathi esifishane.

TCC04 UKUXHUMANA EMASIKWENI EQELA KWAMANYE (CROSS-CULTURAL COMMUNICATON)

La kusetshenziswa abafundisi, imidlalo, ukulingisa, ucwaningo lwezigameko, abantu basebenze ngamaqoqo ukufunda indlela yokuxhumana nabanye abantu nokusiza ukuthi abantu bafunde ezinye izindlela ezingabenza bakhule ekuxhumaneni nabanye abantu, ikakhulukazi abantu abesiko elihlukile kwelakho.

TCC05 IZINKOLO EZAHLUKENE (COMPARATIVE RELIGION)

Isifundo ngezinye izinkolo ezikhona emhlabeni kanye nezinkololo ze (cults) esinazo *eSouth Africa.*

UMLANDO WEBANDLA (CHURCH HISTORY)

TCH01 UMLANDO WEBANDLA 1 (CHURCH HISTORY 1)

Ucwaningo ngomlando wokuqala webandla labazalwane sisuka eTestamenteni eLisha kuze kube manje, sigxile kakhulu ebandleni lakuqala, kuya ebandleni lange*Middle* ages kuze kube isikhathi se*Reformation*.

TCH02 UMLANDO WEBANDLA 2 (CHURCH HISTORY 2)

Ucwaningo lomlando wobuKristu e-Afrika, kugcizelelwa ukuthuthuka kwabo eNingizimu Afrika.

TCH03 IBANDLA EMPHAKATHINI (CHURCH IN SOCIETY)

Isifundo ngeqhaza elingabanjwa ibandla emphakathini maqondana: Nobandlululo, ukucwasana ngobulili, indlala, ubugebengu, udlame, ingculaza nesandulela ngculaza, ukwahlukana komndeni, nomthelela obangwa ukusuka kwabantu emakhaya beyohlala emadolobheni eSouth Africa.

TCH4 CAPSTONE

Abafundi bayafundiswa ukwakha umsebenzi ngendlela eqoqekile (minithesis).

ISIFUNDO SEZENKOLO NGOKUHLELEKILE (SYSTEMATIC THEOLOGY)

TST01 IMFUNDISO YENKOLO (BIBLIOLOGY)

Ukwethulwa kwemfundiso yenkolo ehlelekile; okujwayelekile, izambulo ezithile, izincwadi eziseBhayibhelini, ukuphefumulelwa kweBhayibheli, igunya lezwi, ukuhlanganiswa ndawonye kwezincwadi ezingama-66 zeBhayibheli (canonicity) ; ugqozi, igunya, kanye nokususwa kwizibhalo zokudabuka ezaziyikho ngaphambili (transmission of the Bible).

TST02 ISIFUNDISO SOBUKRISTU (CHRISTOLOGY)

Isifundo sezwi maqondana nobuThathu bukaNkulunkulu, kubhekwa uNkulunkulu uBaba neNdodana, amagama, iziqu zikaNkulunkulu nokwengamela kukaNkulunkulu.

TST03 ISIFUNDO NGOKWEZOMOYA (PNEUMATOLOGY)

Isifundo sezwi ngoMoya oNgcwele, uSathane, izingelosi, namadimoni.

TST04 ISIFUNDO SOSINDISO OLUVELA KUJESU KRISTU (SOTERIOLOGY)

Isifundo sezwi ngemvelaphi yomuntu, isono, nensindiso.

TST05 ISAYENSI YEZINTO EZINE ZOKUGCINA (ESCHATALOGY)

Isifundo ngesambulo sikaNkulunkulu ngekusasa lebandla nomuntu, sibheka iziphrofetho ezisencwadini kaDaniyeli neSambulo.

TST06 ISAYENSI EPHATHELENE NENKAMBO ELUNGILEYO 1 (ETHICS 1)

Isifundo maqondana nokuthi lithini izwi mayelana nalezi zinto ezehlakalayo kubazalwane balesi sikhathi izinto njengalezi: ukuhlela umndeni, ukuhushulwa kwezisu, ukuzibulala, ubungqingili, ingculaza, ukuqedela umuntu ogula kakhulu noma osephila ngomshini (euthanasia), isigwebo sentambo nesokuvukela umbuso.

TST07 ISAYENSI EPHATHELENE NENKAMBO ELUNGILEYO 2 (ETHICS 2)

Isifundo siyaqhubeka sesigxila kulezi zimiso zokuziphatha, kubhekwa izinto ezinomthelela eNingizimu Afrika.

AMAMOJULI ASENSIMINI (FIELDWORK MODULES)

PFW00 CHILDREN'S MINISTRY OBSERAVATION	2 CREDITS
PFW01 CHILDREN'S MINISTRY FIELDWORK	8 CREDITS
PFW02 YOUTH MINISTRY	6 CREDITS
PFW03 CHURCH MINISTRY	6 CREDITS
PFW04 MINISTRY TRIP	6 CREDITS
PFW05 MUSIC MINISTRY	4 CREDITS
PFW06 EVANGELISM	4 CREDITS
PFW07 HOSPITAL MINISTRY	2 CREDITS
PFW08 PRISON MINISTRY	6 CREDITS

MAQONDANA NABAFUNDI BANGAPHANDLE KWALELIZWE

1. **Imvume yokufunda**: Umfundi kufanele abe nemvume emvumela ukuthi angafunda eSouth Africa, isicelo sayo kumele asenze esesezweni lakhe ngoba singathatha isikhathi ukuthi siphumelele, kufanele abe naso ngaphambi kokuba eze e-UBI.
2. **Ukukhokhwa kwezimali**: Uma umfundi engenalo uxhaso lwalapha eningizimu Afrika kumele akhokhele izifundo zakhe zonyaka wonke ngaphambi kokuba aqale ukufunda. Izimali ezingasebenzanga zomfundi ziyobuyiselwa kuye uma ngasizathu simbe engakwazanga ukuqeda unyaka esikoleni. Imali kufanele ikhokhwe ebhange bese umfundi ethumela isiliphi e-UBI sobufakazi bokukhokha.
3. **Amaholidi okuvalwa kwezikole**: Ngesikhathi samaholidi amade okuvalwa kwezikole (Dec-Jan noJune-July) abafundi komele bazifunele indawo yokuhlala ngaphandle kwesikhungo. Kodwa kulawa amafushane banelungelo lokuhlala ngaphakathi kodwa ukudla koba ngokwabo hhayi isikhungo.

INDAWO YOKUHLALA (ACCOMODATION)

Isikhungo sinikezela ngamadomi ukuhlala abafundi abesilisa nabesifazane. Edomi kukhona umbhede nomatilasi, umfundi kufanele afike nezakhe izinto zokulala nezokuzinakekela.

Abashadile uma bezohlala bobabili bayakwazi ukufaka isicelo sendawo yabashadile enefenisha. Ebusika kuyabanda kulendawo nehlobo lakhona linemvula ngakho abafundi bayanxuswa ukuba baphathe izimpahla ezilungele izikhathi, baziphathele i-ayina labo.

UQEQESHO LWEKHOMPYUTHA (COMPUTER TRAINING)

Isikhungo siba noqeqesho kwezekhompyutha ukuhlomisa abafundi ukuze bakwazi ukuzilungiselela izintshumayelo zabo, ukuphathwa kwebandla (church administration), nokwenza ucwaningo. Ama- *assignment* amaningi kufanele enziwe ngekhompyutha atholakala egumbini labafundi lekhompyutha.

UPHIKO LWEZOKUSHICILELA NABEZINDABA

I-UBI ishicilela amaBhayibheli nama*commentaries* ahlukene abalelwa kuma-60 nezincwadi zokuthandaza ngesiZulu. Unyaka nonyaka isikhungo sidayisa izincwadi ezibalelwa ezi-15, 000, lokho okwenza i-UBI ibe isikhungo esikhulu esenza ushicilelo ngesiZulu ezincwadini zamaKristu. Lezi zincwadi ungazithola khona e-UBI, noma ezitolo zezincwadi. Ungaxhumana nathi ukuthola ikhathalogi yezincwadi.

Kuso lesi sikhungo ungazitholela futhi izintshumayelo nezifundiso ezinohlonze eziqoshiwe kanye namaCD ahlukene ekwaya lesikhungo. AmaCD atholakala esikhungweni ngesiZulu, isiXhosa kanye nesiNgisi. Ungaxhumana nesikhungo ukuzitholela ikhathalogi yomculo.

MAQONDANA NOKUZIPHATHA KWABAFUNDI

Ngaphandle komsebenzi wesikole abafundi bathola ithuba lokuzijabulisa ngezinye izinto ezenzeka esikhungweni.

Ukuzinikela nokukhuleka: Kwenzeka phakathi neviki nangempela viki.

Izinkonzo zase*chapel*: Ziba kabili ngeviki ekuseni. Abafundi nabafundisi bayahlangana ndawonye ukuzokhonza nokushumayela. Kule nkonzo kumenywa abashumayeli basendaweni, abasezweni, nabasemazweni angaphandle.

Ezemidlalo nokuzithokozisa: Kukhona ibhola lezinyawo, ivolleyball, table tennis, kanye ne-netball, abaningi bayakuthokozela.

Uhlelo lomculo: Kukhona amakwaya omculo abafundi abangaba ingxenye yawo khona i*One Voice* ne *Marimba band*.

Okuphathekayo Ngezinkonzo (Practical Ministries): La kufundiswa abafundi, ukuvakashela izibhedlela, ukuzibandakanya namabandla endawo ekwenzeni imisebenzi ethile, *ministry trips*, nokuyovangela.

Umsebenzi wezandla: Bonke abafundi balindelekile ukuthi benze umsebenzi wezandla abawunikiwe isikhungo ukuthi bawenze. Lokhu kungaba umsebenzi wangaphakathi (ukuhlanza izindawo zokuhlala, amagumbi okufundela, ukutshala izitshalo, nokunye nokunye) noma owangaphandle (ukugunda igceke, ukwenza ingadi nokunye nokunye).

Khuthazanani group: Bonke abafundi bangaphansi kweqembu elithile eliholwa ilunga labasebenzi besikhungo. Iqembu neqembu kufanele lihlangane okungenani kabili ngenyanga, ukukhuleka ndawonye, nokudingida izinto ezibalulekile zeqembu.

Ukwelulekwa (mentoring): Umfundi nomfundi unomuntu ongaphansi kwakhe omelulekayo ngenkathi esahlala esikhungweni. Umfundi uhlangana nomeluleki wakhe okungenani kabili ngenyanga ukukhulisana kwezikamoya nakwezinye izingxenye adinga ukwelulekwa kuzo.

Ezokuzijabulisa (Social event): Umkhandlu wabafundi uyahlela imicimbi yabafundi, ezemidlalo, ukuzikhipha kwabafundi. Isikhungo naso siba negalelo ukwenza izifundo zantambama ukubahlangabeza.

Sisebenza Kanye Kanye (SKK): Imikhuleko eyenziwa amakhosikazi abafundi besikhungo kanye nabanye besifazane eholwa abasebenzi besikhungo besifazane. Noma ngabe abahlali ngaphakathi baba nomeluleki okhuleka nabo nomkhuthazayo lo wesifazane. Kuphinde kuhlelwe nokuhlangana kwabashadile futhi. Amakhosikazi alabo abaphothula izifundo zabo bayamenywa ukuba bazoba ingxenye yezinhlelo zeviki lonke lokuthwala imiyezane.

IMITHETHO YESIKHUNGO, IZIMISO, EZEMPILO NEZOKUPHEPHA, NABAKHUBAZEKILE

Siyakholelwa ukuthi umzalwane akadingi uhla lwemithetho ukumsiza ukuze aphile ubuzalwane. Noma kunjalo kodwa kubalulekile ukuba nomhlahlandlela ozosiqondisa ukuze sihlalisane ngokuthula ndawonye, simqondo munye kungekho ukunyathelana.

Lokhu kungumhlahlandlela wokusiqondisa:

1. Kumele kube semqondweni wabafundi ukuthi baseSikoleni seBhayibheli ngakho kusemqoka ukuphila baziphathe njenga balandeli bakaKristu.
2. Abafundi kumele bagcine izikhathi zabo zokufunda, u-9 ekuseni ekuqaleni kwethemu yokuqala neyesithathu, u7:10 kwithemu yesibili neyesine.
3. Nazi izinto aphoqelekile kuzo umfundi: ukuba khona komfundi egumbini lokufundela, inkonzo yase*chapel*, ukwenza umsebenzi wezandla anikwe wona, izikhathi zokufunda nezinye izinto isikhungo esizimise ukuthi zenziwe. Abafundi abahlala ngaphandle bona ababophezelwe kulo msebenzi wezandla; kodwa konke okunye nabo kumele babe ingxenye yakho. Bonke abafundi kufanele babekhona emcimbini wokuthwesa kweziqu ne*Motto service*.
4. Yonke imisebenzi abafundi abanikwe yona ukuba bayenze kumele bayenze futhi bangayithathi kancane imisebenzi efana nama *open air*, ukuvakashela izibhedlela, uSontosikole neminye ngoba nayo iyingxenye yekufunda kwabo. Uma umfundi engeke aphumelele kumele enze uhlelo lwesicelo salokho bese evunyelwa esicelweni sakhe.
5. Umfundi olahlekelwe izinsuku zokufunda ezingaphezu kweziyishiyagalombili kwithemu eyodwa angeke akwazi ukubhala izivivinyo zakhe zaleyo themu, ngaphandle uma kunezizathu ezizwakalayo ezivunywe nguthishanhloko nokubonisana nabasebenzi. Uma kunezizathu ezigunyaza ukuthi umfundi axoshwe kumele aphume ngaphakathi kwezakhiwo engakapheli amahora angama-48 emva kokwaziswa.

6. Umfundi ofuna ukugoduka ngempela-viki kumele axhumane nomxhumanisi wezabafundi kube nguyena omnikeza imvume. Ukuhambela izinkomfa zasenkonzweni yakho angeke kuthathwe njengesizathu esingakwenza ukuthi uphuthe esikoleni noma emsebenzini wesikole omiselwe wona ngamasonto.
7. Abafundi kulindeleke ukuba bakuhloniphe ukuzibandakanya kwabo emabandleni abo.
8. Izimali zikhokhwa zonke ekuqaleni kwethemu. Okungenani kumele akhokhe u-50% wemali ngaphambi kweviki lesibili lwethemu lokho ekwenza ngemvume kathishanhloko kodwa abe esekhokhile yonke imali ngaphambi kokuvivinywa kwethemu.
9. Umfundi ongaqedile ukukhokha imali angeke amukelwe kwithemu elandelayo.
10. Bayacelwa abafundi ukuba bahloniphe amakhaya abasebenzi base-UBI. Baphinde bahloniphe nesikhathi sokudla bakwazi ukuvumela abasebenzi ukuthi bakwazi ukuchitha isikhathi namalunga emindeni yabo. Uma ngabe umfundi kukhona into afuna ukuyixoxa nomfundisi mayelana nomsebenzi wakhe uyanxuswa ukuthi enze i-*appointiment* nalowo mfundisi.
11. I-*Student Affairs Coordination* (SAC) ingenye yezingxenye zokuxhumana phakathi kwabafundi nabafundisi.
12. Umkhandlu wabafundi, okhethwe abafundi besizana neSAC, uba umgudu wokuxhumana phakathi kwe-SAC nabase magunyeni. Bayanxuswa abafundi ukuba babahloniphe ngoba bayiso lesikhungo maqondana nokubhekela ukugcinwa kwemigomo emisiwe nokubhekelela izidingo zabo bakwazi ukuzidlulisela kwabasemagunyeni.
13. Bonke abantu kumele bagcine izikhathi zokudla. Noma ngabe umfundi akazukudla lokho kudla kodwa umsebenzi omiselwe yena ekhishini noma endaweni yokudlela kufanele awugcine.
14. Ugesi kufanele ucishwe ngesikhathi esimisiwe emagumbini okulala ukunikeza abanye abafundi isikhathi esanele sokuphumula ukuze bakwazi ukuzilungiselela usuku olulandelayo. Kulabo abasafuna ukuqhubeka nokufunda bangaxhumana neSAC ukuze ikwazi ukwenza uhlelo oluzobasiza kungabi nakuphazamiseka kulabo esebeziphumulele.
15. I-*Tuck Shop* izovulwa ngezikhathi zokusebenza nangalezo ezimiswe.
16. Isikhathi sasehovisi u-08:00 kuya ku-17:00 uMsombuluko kuya kuLwesihlanu. Abafundi kufanele bazisebenzise ngokomthetho lezi zikhathi besebenzisana nomgcinimabhuku noMphathi wezokugaywa kwezincwadi.
17. Isikhungo sizokwazi ukwenza uhlelo lokuthutha abafundi ukusuka nokuya eMgungundlovu ekuqaleni nasekupheleni kwethemu lapho kunesidingo khona.
18. Njalo ekuqaleni kwethemu ukudla okuzonikezwa koba isidlo sasebusuku ngosuku olumisiwe ukuthi kuzonikezwa ngalo. Abafundi abazofika ngaphambi kosuku olumisiwe balindeleke ukuba bazenzele okwabo ukudla futhi bakhokhe inhlawulo yokufika ngaphambi kosuku olumisiwe.
19. Abafundi kulindeleke ukuba babe semagumbini abo okulala ngaphambi kwehora lama-22h30 ngaphandle uma kukhona ukuvumelana ne-SC noma iSAC. U-22h30 isikhathi sokuvala umnyango ongenela emagumbini abafundi okulala. Lo ophethe amagumbi okulala kufanele aqaphele ukuthi lokhu kuyagcinwa ngesikhathi esifaneleyo.

20. Amaqembu amakhulu okufunda avumelekile. Kodwa ukuba nomasifundisane wobulili obuhlukile akuvumelekile ngaphandle uma kumiswe ngumfundisi ngenxa yomsebenzi othile nakhona kube isikhathi esifushane.
21. Abesilisa abavunyelwe emagumbini abesifazane kanjalo nabesifazane abavunyelwe emagumbini abesilisa ngaphandle uma kunemvume ethile enikezwe abasemagunyeni.
22. Isikhathi sokuhluthulela wonke amagumbi okufundela, ama*chapel*, umtapo wolwazi ngu-22h00 zonke izinsuku.
23. Isikhathi sokuvulwa kwesango lalabo abahamba ngezinyawo yihora le-6h00 ekuseni livalwe ngehora le-19h00 nsunku zonke. Ukusuka ngele-19h00 indlela yokungena kuzobe sekungeye-*remote* kuphela.
24. Abafundi abaphula umthetho ngenhloso bazobhekana nokuqondiswa kwezigwegwe. Izijeziso zokwephulwa komthetho ilezi ezincike ekuqineni kwento eyenziwe:
    24.1 .Uma ngabe icala lingelithinta abafundi, isibonelo: ukushaya indiva imithetho, umkhandlu wabafundi (SC) ukanye neSAC bangamnika isixwayiso.
    24.2 .Kufanele isexwayiso sibhalwe phansi ukuze umfundi asisayine bese siyagcinwa kuma-*records* akhe.
    24.3 .Umkhandlu wokuqondiswa kwezigwegwe kufanele ukhiphe incwadi yesexwayiso. Bese uthumela ikhophi ebandleni lomfundi. Isikhungo siyalamukela uhlelo lokubonana nobuholi basebandleni lomfundi uma ngabe ibandla likubona kufanelekile lokho.
    24.4 .Umkhandlu wokuqondiswa kwezigwegwe unamandla okumisa umfundi isikhathi esithize. Ngalenkathi umfundi emisiwe akavunyelwe ukuba semagcekeni esikhungo. Kunokwenzeka ukuthi umkhandlu wokuqondiswa kwezigwegwe unikeze umfundi isikhathi sokuzisola (probation), umkhandlu iwona omisela umfundi ukuthi isikhathi esingakanani, uma umfundi esaphula leso sikhathi banamandla okuthatha isinyathelo sokumxosha. Sonke isinqumo silele kulo mkhandlu wokuqiniswa kwezigwegwe.
    24.5 .Maqondana nokuxoshwa kwabafundi esikhungweni. Lesi kuba isinqumo esithathwe umkhandlu wokuqondisa kwezigwegwe ubambisene nebhodi lesikhungo. Bonke abafundi abaxhoshiwe kumele bashiye amagceke esikhungo engakapheli amahora angama-48.
    24.6 .Umfundi uyakwazi ukuthi adlulisele isikhalazo sakhe ebhodini lesikhungo ukuba lisicubungule. Ibhodi ilona elithatha isinqumo esingujuqu.
    24.7 .Uma kukhona umfundi oziphatha ngendlela edicilela igama le-UBI noma indlela aziphatha ngayo yena, umkhandlu wokuqondiswa kwezigwegwe uyibona njengendlela ephikisana nezwi lowo mfundi uzomiswa noma axoshwe.

    24.8 .Uhla lwamalunga omkhandlu wokuqondiswa kwezigwegwe: Usihlalo webhodi, uthishanhloko, usekela kathishanhloko, iSAC bese kuba ilunga eliqokwe ilomkhandlu.
25. Maqondana namacala amakhulu: Umfundi otholakale enza elinye lalamacala ungoxoshiwe esikhungweni.
    25.1 .Ukushaya indiva imithetho yesikhungo ngendlela yokuthi kuze kudaleke umonakalo esikhungweni.
    25.2 .Ukungenisa ngokungemvume izikhali eziyingozi.

25.3 .Ukweba, inkohlakalo, ubunyoka (gross dishonesty), ukukhipha ulwazi oluyimfihlo.
25.4 .Ukutholakala ngaphandle kwemvume nezinto zesikhungo.
25.5 .Ukusabisa.
25.6 .Ukumelana nabasemagunyeni ungafuni ukugcina umthetho omisiwe abagunyaziwe.
25.7 .Ukuhlukumeza ngokocansi noma ukubandlulula.
25.8 .Icala lokuhlasela noma lokulwa.
25.9 .Ukulimaza ngenhloso impahla yesikhungo.
25.10 .Ukuphula ngenhloso imithetho yezokuphepha.
25.11 .Ukutholakala nophuzo noma isidakamizwa esithile noma wena ungaphansi kophuzo noma isidakamizwa esithize noma ngabe ungaphakathi esikhungweni noma ngabe ungaphandle kwaso, ngoba lokho kuyamelana nendlela yokuziphatha yobuKristu yase-UBI.
25.12 .Ukutholakala unecala lokungaziphathi kahle ngaphandle noma ngaphakathi kwesikhungo oluphambene nezimiso zesikhungo kuphinde kudicilele phansi igama lesikhungo.

26. Le mithetho inokuguqulwa, yengezwe noma kube khona okususwayo ngokuvuma kwebhodi emva kokuxhumana nabafundi.

EZOKUPHEPHA NOBULUNGISWA

OKUSEMQOKA

I-Union Bible Institute iyabakhathalela abafundi bayo. Abantu abaphilile banomdlandla wokwenza izinto, ngakho mancane amathuba okubathola bengazimbandakanyi ezintweni abaziphophezele kuzo ngenxa yokugula. Abantu abaphilile ababizi uma ubaqhathanisa nabagulayo. Abafundi abanempilo bahlala bethokozile. Ngenxa yalezi zathu abafundi bayakhuthazwa ukuthi babe ingxenye yezinhlelo ezibasiza ukuthi bahlale besezingeni elifanele lempilo ngaso sonke isikhathi.

Isikhungo siyayikhuthaza impilo ephilile yabafundi baso ingakho sihlala sinyusa izinga ekunakekeleni abafundi babo.

Okunokwenziwa

Nokuba isikhungo sikhuthaza abafundi ukuthi bahlale bephilile, kodwa asinazo izikhungo zokuzivocavoca. Noma kunjalo, isikhungo asikwazi ukubekwa icala ngemiphumela engadalwa ukungazinakekele kwabafundi.

Isikhungo siyenza umzamo wokusiza abafundi kokubayala ukuthi baqaphele lokhu okulandelayo, kodwa akugcini nje kulokhu:

- Ukudla ngendlela efanele.
- Ukuzijwayeza ukuzivocavoca.
- Ukugcina isikali esifanele somzimba.

- Ukuhlala ehlola impilo yakhe.
- Aqaphe iBP yakhe.
- Aqaphe izinga likashukela emzimbeni wakhe
- Aqaphe izinga le*cholesterol* emzimbeni wakhe.

La kunesidingo khona isikhungo siyakwazi ukuthi sihlele nabezempilo ukuthi bazonikeza ukwaluleka kubafundi maqondana nezimo zempilo. Kuba khona omahamba nendlwana abafika esikhungweni izikhathi ngezikhathi. Uma kwenzeka kuvuka isidingo sokuthi umfundi aphuthunyiswe esikhungweni esiseduze sezempilo isikhungo siyakwazi ukumsiza.

Bayakhuthazwa abafundi ukuthi babe ingxenye yohlelo oluthize olukhuthaza impilo engcono, kodwa abaphoqeleliwe ukuthi bakwenze. Umfundi ungazibandakanyi kulezi zinhlelo angeke ajeziswe.

UMTHETHO MAQONDANA NABAPHILA NOKUKHUBAZEKA

I-UBI iyakhuthaza ukubaluleka kwelungelo labafundi abaphila nokukhubazeka kwezemfundo nokuthi nabo bathole amathuba afana nawo wonke umuntu. Isikhungo asibabandlululi laba bafundi nabo bamukelekile e-UBI. Bonke abafundi bamukela ngokwemigomo yezifundo abafuna ukuzenza.

Abafundi abaphila ngokukhubazeka nabo banelungelo lokukhululeka nokuba namava ezintweni ezibathintayo futhi bayakhuthazwa ukuthi bakhethe umuntu othandwa yibona ukuba abamele ekuthathweni kwezinqumo.

UKUFUNYANISEKA

Isikhungo sizinikele ukusiza abafundi abaphila nokukhubazeka ukuba bakwazi ukufinyelela kalula ezindaweni zokufundela. La kudingeka khona, izakhiwo nezindawo zokufundela zingalungiswa ukuze zikwazi ukwamukeleka kubona. Isikhungo sizozama ukunikeza ulwazi kubantu abaphila nokukhubazeka endaweni yokufunda. Isikhungo sizoqhubeka nokunyusa izinga laso ekutheni kube lula ukufinyelela ezindaweni nasezakhiweni zonke zesikhungo kulabafundi – ubukhona bezimali nakho kungadlala indima enkulu ukuphumelelisa lombono.

ISICELO SOKWAMUKELWA

Izicelo ziyatholakala ku*website* yethu ethi www.ubi.ac.za

Ungathumela futhi nge *email* ethi registrar@ubi.ac.za ukufaka isicelo. Ungathumela iposi lakho futhi kulelikheli:

THE REGISTRAR

UNION BIBLE INSTITUTE

P.O BOX 50

HILTON 3245

Uma uneminye imibuzo, ungasithinta:

Ucingo: 033 343 4547 makhala ekhukhwini: 082 447 7877 isikhahlamezi: 086 443 5077.

IMININGWANO YASEBANK

STANDARD BANK

Account Name: Union Bible Institute

Branch No: 057525

Account No: 052087964